OLD MUTUAL
SUPERFUND
IZINDABA ZAKAMUVA ZAMALUNGU AKHETHEKILE

ISABELOMALI SASENINGIZIMU AFRIKA SIKA-2020 NGAMAFUPHI

Isabelomali sikazwelonke sikaNgqongqoshe Wezezimali, uTito Mboweni siphakamise ukuncishiswa kakhulu kwenani lamaholo abasebenzi bakahulumeni. Isinqumo sokungethuli nanoma yikuphi ukukhushulwa kwentela okusha Kusabelomali kuyinto enhle kakhulu kubantu baseNIngizimu Afrika abangenamali abashaywe umthelela wokungakhuli kahle komnotho kanye namazinga amaholo ami ndawonye.

Ngeshwa, ukuntuleka kukagesi kulindeleke ukuthi kuvimbele ukudlondlobala eminyakeni embalwa ezayo. Uhulumeni usebenzela ekuxazululeni inselele yokuntuleka kukagesi. Eminyakeni emithathu ezayo, ukusetshenziswa kwemali ngokuphathelene nezamandla kulindeleke ukuthi kube yinani eliphelele eliyizigidi zezigidi ezingama-R150 (R150 billion), nokusendaweni yesihlanu ngokuphathelene nokusetshenziswa kwemali kungqalasizinda jikelele.

Isabelomali sika-2020 azange sixolele ababhemayo kanye nabaphuza uphuzo oludakayo. Kulo nyaka kwengezwe nomunye umkhakha – obhekiswe kuma-"vaper". Kusukela manje ama-"vaper" kuzomele akhokhe okuthe xaxa ukuze aphafuze intuthu.

Umkhawulo wemali ekhokhiswa ngonyaka ngokuphathelene nama-akhawunti okonga angabanjelwa ntela usukhushulwe waba u-36 000 ngonyaka wentela ngamunye, nokuyimali seyiyonke ekhuphuke ngo-

R3 000 ngonyaka wentela ngamunye.

INTELA YEZONO KA-2020

UBHIYA
R0.08 ikesi ngalinye lika-340 ml

I-CIDER
R0.08 ibhodlela ngalinye lika-340 ml

IWAYINI ELIGCINWE ISIKHATHI ESIDE EMPHONGOLWENI
R0.23 ibhodlela elingu-750 ml

IWAYINI ELINGAGCINWANGA EMPHONGOLWENI ESIKHATHINI ESIDE
R0.14 ibhodlela elingu-750 ml

AMA-SPIRIT
R2.89 ibhodlela ngalinye elingu-750 ml

USIKILIDI
R0.74 iphakethe lika-20 ngalinye

IZIGAZU
R6.73 esingu-23g ngasinye

UGWAYI ONGUSIKILIDI
R0.82 ongu-50g ngamunye

OSIKILIDI ABASEBENZA NGENSIZA KAGESI BAZOKHOKHISWA INTELA KUSUKELA NGO-2021

IZIBONELELO ZIKAHULUMENI

ISIBONELELO SIKAHULUMENI SABANTU ABADALA
2019/2020: R1 780
2020/2021: R1 860

ISIBONELELO SIKAHULUMENI SABANTU ABADALA, ABANEMINYAKA YOBUDALA ENGAPHEZU KWAMA-75
2019/2020: R1 800
2020/2021: R1 880

ISIBONELELO SIKAHULUMENI SEZINGQALABUTHO ZEMPI
2019/2020: R1 800
2020/2021: R1 880

ISIBONELELO SIKAHULUMENI NGOKUPHATHELENE NOKUKHUBAZEKA
2019/2020: R1 780
2020/2021: R1 860

ISIBONELELO SIKAHULUMENI ESIPHATHELENE NOKUKHULISA IZINGANE
2019/2020: R1 000
2020/2021: R1 040

ISIBONELELO SIKAHULUMENI NGOKUPHATHELENE NOKUMEMELE BANAKEKELWE
2019/2020: R1 780
2020/2021: R1 860

ISIBONELELO SIKAHULUMENI SEZINGANE
2019/2020: R425
2020/2021: R445

Intela Yamaholo:

Ukulungiswa kwezimali ezingaphezu kokukhuphuka kwamanani entengo ezimalini ezibuyiselwa intela kanye namaqoqo ezentela kuchaza ukugoduka nemali eningana

AYISHINTSHI INTELA YENTENGO

Akukho-khiswa mali yokushi-ntshela egameni lakho Emizini eyisigidi esi-R1 samarandi noma ngaphansi kwalokho

Ukwenga-nyelwa kokushintswa kwezimali zamazwe angaphandle

Ukususwa kwemithetho eminingi ngokuphathelene nokushintshwa kwezimali zamazwe angaphandle kubantu ngabodwana, kodwa kuzokhokhiswa izintela ezinqala



UKUKHUPHUKA KWEZIMALI EZIKHOKHISELWA UPHETHROLI KANYE NODIZILI

Izimali ezikhokhiselwa uphethroli kanye nodizili jikelele zizokhuphuka ngamasenti ayi-16 ilitha ngalinye bese izimali ezikhokhiselwa Isikhwama Sokubhekelela Izingozi Zasemgaqweni zikhuphuka ngamasenti ayi-9 kusukela ngomhlaka-1 Ephreli 2020.

Lokhu kuzokhuphuka kanje:

- imali ekhokhiselwa uphethroli nodizili jikelele zizoba u-R3.70 ilitha ngalinye likaphethroli kanye no-R3.55 ilitha ngalinye likadizili
- imali ekhokhiselwa isikhwama sokubhekelela izingozi zasemgaqweni sizoba u-R2.07 ilitha ngalinye kuko kokubili uphethroli kanye nodizili

UKUKHUPHUKA KWEMALI EKHOKHISELWA IZIKHWAMA ZAMAPLASTIKI

Imali ekhokhiselwa izikhwama zamaplastiki izokhuphuka kusukela kumasenti ayi-12 ukuya kumasenti ayi-25 isikhwama ngasinye kusukela ngomhlaka-1 Ephreli 2020

IZINGUQUKO EZITHINTA IZIKHWAMA ZOKUTHATHA UMHLALAPHANSI

Uhulumeni kanye Nomkhandlu Wentuthuko Kwezomnotho kanye Nezindaba Zabasebenzi (NEDLAC) sebevumile nokuqhubeka nokulungisa ngokuphathelene nokuthatha umhlalaphansi mayelana nokulungelanisa yonke imihlomulo yokuthatha umhlalaphansi, okuhlanganisa nezikhwama ezihlinzekelayo (provident funds). Kucatshangwa ukuthi lokhu kubhekise kuhlelo lwezempesheni oluphathelene nezikhwama ezihlinzekelayo kanye nezokugcina izimali ezihlinzekelayo oluzoqala ukusebenza kusukela mhlaka-1 Mashi 2021. Le nguquko izichaza ukuthi amalungu athatha umhlalaphansi asezikhwameni ezihlinzekelayo, njengalawo athatha umhlalaphansi asezikhwameni zezimpesheni, kuzomele aguqule okungenani okubili kokuthathu emalini yawo uma ethatha umhlalaphansi ukuze ibe imali yempesheni yangenyanga. Kodwa-ke. **le nguquko izosebenza kuphela ngokuphathelene nezimali ezikhokhwa ESIKHATHINI ESIZAYO ezikhokhwa kusukela ngo-2021 ukuqhubeka.**

Uma lokhu kuqhubeka, kuzoba nomhlomulo wokwenza lula indlela okubukeka ngayo ukuthatha umhlalaphansi. Zonke izindlela zezikhwama zokuthatha umhlalaphansi (izikhwama zempesheni, ezihlinzekelayo kanye nezezimpesheni zokuthatha umhlalaphansi) zizohlinzeka ukubanjelwa intela ezimalini ezikhokhwayo (kuze kufinyelele ku-27.5% weholo ukuze kufike ku-R350 000 ngonyaka ibanjelwa intela), inzuzo engakhokhiswa ntela yemali etshaliwe efanayo kanye nemihlomulo efanayo ngesikhathi sokuthatha umhlalaphansi.

KHUMBULA:

Indlela yokwehlisa imali oyikhela intela ukuthi wenze konke okwazi ukukwenza ngokuphathelene nokwehlisa kuka-SARS intela okungaka ngokuphathelene nezimali ezikhokhwa ezikhwameni zempesheni noma ezihlinzekelayo ezigunyaziwe (ezifana ne-Old Mutual SuperFund) noma izikhwama zokuthatha umhlalaphansi (RA).

Njengelungu le-Old Mutual SuperFund, ungakhuphula imali oyongayo Ngokukhokha Izimali Ezengeziwe Ngokuzithandela. Vele uthinte umnyango wakho we-Human Resource (HR) ukuze uthole ukuthi ungakwenza kanjani lokhu.

OLDMUTUAL

CORPORATE

DO GREAT THINGS EVERY DAY

Indemnity: While every effort has been made to ensure that the information in this newsletter is correct, Old Mutual SuperFund Pension and Provident Funds and Old Mutual take no responsibility for any loss or damage suffered by any person as a result of their reliance on the information contained herein. Old Mutual is a lisenced Services provider.